

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY

INCWADI YEGRAIN SA YABALIMI ABASAKHULAYO



## Yenza ngcono ukuvikeleka kokudla nommbila ne-masa

-N/XTAMALISATION YINDELA EYISIPESHLI YOKULUNGISA UMMBILA NOKUNYE OKUSAHLAMVU OKUFANA NAMABELE, UKUQINISA IZINGA LAKO LOMSOCO PHECELEZI NUTRITIONAL VALUE FUTHI YENZIWE ISHINTSHASHINTSHWE KAKHULU EKUPHEKWENI NASEKUBHAKENI.

Le ngqubo ikhinqiza *i-nixtamal* – umsoco omningi, onambithekayo nomkhinqizo ophroseswa kalula bese uyagaywa wenziwe inhlama noma ufulawa kwensiwe imikhinqizo eyisisekelo zokudla *i-maize-based*.

### INQUBO

Ummbila uyacwiliswa, ugezwe bese ususa uphephelesi pecelezi *hulled* lombila liyathanjisa futhi ugezwe. Le nqubo kukholelwu ekutheni isusa cishe u-90% kuye ku-97% we-*aflatoxins* emmbileni. Uma sekugeziwe, okusahlamvu kubizwa nge-*nixtama*. Lokhu kuyagqulwa, kugaywe futhi kuphroseswe ngamanzi ukwenza inhlama yommbila ebizwa nge-masa (bona **Ifiga 1** ekhasini 2) lapho

kungenziwa imikhinqizo eyahlukene. Ingube nayo ingomiswa bese emva kwesikhathi iyagaywa ibe ufulawa ezosetshenziswa ezinkweni nasekubhakeni.

### IMIHLOMULO

*I-nixtamalisation* yommbila yi-*agro-processing* lokho kunikeza imihlomulo eyahlukene ngommbila ongaphroseswanga:

- Ugayeka kalula.
- Kwandisa amaphrotheni akhona aqukethwe nama-*micronutrient*.
- Ukunambitheka nephunga eliminandi kwensiwe ngcono.
- Istashi sigayeka kalula esiswini.
- *I-Mycotoxins* iyancishiswa.

### UBUNGOZI BE-MYCOTOXINS

*I-Mycotoxins* ngokwemvelo kuba nobuthi obukhinqizwa yisikhutha (i-fungi) futhi bungatholakala ekudleni okuningi phecelezi *foodstuffs*, okufaka phakathi ummbila. Ummbila unganukubezeka emasimini nangesikhathi ubekiwe. Ekuba sengcupheni ku-*mycotoxins* ngokudla

## Yenza ngcono ukuvikeleka kokudla...



ukudla okunomthelela ngqo, futhi kungaholela ezifeni ezahlukene kubantu nasezilwaneni.

Njengoba ummbila uyisisekelo sokudla eNingizimu Afrika, kubaluleke kakhulu ukufunda mayelana nenqubo engayisusa le nkinga – *i-nixtamalisation*.

### NAWE UNGAKWENZA

- Faka ama-*kernel* ommbila ebhodweni kubile futhi uwucwilise wonke emanzini. Uyacelwa qaphele: Ungalisebenzisi ibhodwe le-aluminiyamu – ungasebenzisa ibhodwe eliqinile phecelezi *cast iron* noma *i-stainless steel*.
- Faka izipuni ezimbili ze-*slaked lime*, encibikiliswe ku-2 litha wamanzi ashisayo. *I-Slake lime* yikhalsiyamu *hydroxide*, engathengwa emakhemisi – lokhu kuhlkile kumcako wezolimo.
- Ummiba namanzi kuyabiliswa futhi kubile okungenani imuzuzu eyishumi kuya kweyi-15. Ungawupheki ummbila weqise uma isikhumba sincibilike sonke, ummbila uzowamunca onke amanzi. Lokhu kuzosisusa sonke isitashi nommbila ngeke usayilunge-la imasa.
- Emva kwemizuzu eyi-15, ulisuse ibhodwe emlilweni. Kubeke kuhole ubusuku bonke okungenani amahora ayisishiyagalombili noma ngaphezelu.
- Ekuseni, uzobona ukuthi umbala ushintoshile nezimpephelesi zithambile. Thela ummbila kukholenda futhi uwugeze ngamanzi ahlanzekile abandayo, uwuhlikihle ngezandla ukuze kusuke zonke izimpephelesi. Manje ke lokhu okusahlamvu kubizwa nge-*nixtamal*.
- I-nixtamal* ingasetshenziswa iphekilwe njenge-*kernel* ephelele noma igaywe ukuze yensiwe inhlama ebizwa ngemasa, ingxube enamathelayo engasetshenziswa ngezindlela ezahlukene.
- Ukwenza imasa, ama-*kernel* angagaywa enziwe inhlama ecoysakele noma agaywe nge-*food processor*. Uma ingahlangani ibe yinhlama ethambile, faka amanzi ngezipunu ezimbili ngesikhathi ize ihlangane ibe yinhlama eshubile.


Kucelwa uqaphele: Sebenza ngokuzibophezela nge-*slaked lime*. Qinisekisa ukuthi umoya ungena kahle ukuze unghogeli ukuthunqa. Ungazifaki izandla zakho ngqo emanzini ane-*lime*. Thela okusahlamvu okucwilisiwe esisefeni sekholenda bese ukuyakaza kahle – goqoza ngesixembe sokhuni noma ugqoke amagilavu uma uhlambulula *i-lime* kuma-*kernel*s. Hlambulula okusahlamvu ngokuphelele. Ukufaka izandla kungadala ukuqubuka nokuncinza noma ulimale ipaphu. *I-slaked lime* iyashisa futhi kufanele isetshenziswe ngokucophelela.

- Amaqoqwana angathatha cishe imizuzu emine kuya kweyisihlanu liliyne ku-*food processor* ngaphambi kokuba kwenzeke inhlama enhle. Uma inhlama imazi kakhulu, kuba nzima ukuyibamba.
- Uma uyomisile inhlama, ingasetshenziswa noma yikanjani, ukulandela iresiphi.

### UBAMBISWANO LWENZA AMATHUBA ANGCONO

Masinyane kwaba sobala ukuthi lo umkhakha okufanele uhlolwe. Masinyane ithimba laqala ukubheka ophathina abangabasiza ekwe-dluliseleni lolu lwazi oluthokozisayo. Umnyango wezeSayensi nobuChwepeshe, ophinde usekelwe futhi umNyango we-*Science ne-Innovation (DSI)*, bakhombisa umdlandla omkhulu. Izifundo zokuqala ezenziwa, zaqaliswa ngasekuqaleni kuka-2018 ngokwesekwa yi-DSI.

Ngokuqondisisa ukuthi lokhu kwaba kuyisiqalo esibalulekile sokusungula se-*bio-economy* yezolimo, imiNyango yezoCwaningo kwa-Grain SA nokuThuthukiswa kwabalimi ngokubambisana baqhubeke futhi nokuyohlangana no-Dr JW Swanepoel no-Dr Alba du-Toit besikhungo *i-Centre for Sustainable Agriculture, Rural Development and Extension e-University yase-Free State (UFS)* ukuqhubeke nokucwanninga amathuba e-agro processing alethwa yi-*nixtamalisation*.



Iphrosesi ye-*nixtamalisation*.

Umthombo: <https://latortilleria.com.au/>




I-Grain SA yethula izifundo eziningi ezifundisa abalimi nabesifazane ezindaweni ezisemakhaya ngenqubo ye-nixtamalisation.



*Ukudayisa izinto ezibhakwe ngenhlama eguquguqukayo kwakha izindlela zokwenza imali eningi.*

Namuhla, ukuhlangana kwe-Grain SA/DSI sekwenze kwaba khona cishe izifundo zokuqequesha ezingama-500, kufundiswa cishe abafundi abenza lezi zifundo balinganiselva ku-6000 ithiyori nokuphrakthiza i-nixtamalising maize nokuwusebenzisela ukudliwa abantu. Olunye ucwaningo lusaqhubeke e-UFS ukucoyisa amaresiphi, kwensiwe imikhiqizo yezimakethe kuphinde kucwaningwe isikhathi sokuyigcina emashalufini, ukuphakheja kanye nemodeli yebhizinisi ukushayela izinhlobo ezahlukene zebhizinisi ngokubambisana nabesifazane basemakhaya.



AMa-kernel ommbila ayaguqulwa abe yi-masa.

Umthombo:<https://www.americastestkitchen.com/cooksillustrated/science/789-articles/feature/transforming-corn>



Izhinhlobo zemikhiqizo ezakhiwa ngale nhlama – isinkwa esiphekwe ngestimu, i-fortified porridge, ama-pancakes, ama-snacks kanye neyogathi.



Namuhla, ukuhlangana kwe-Grain SA/DSI sekwenze kwaba khona cishe izifundo zokuqequesha ezingama-500, kufundiswa cishe abafundi abenza lezi zifundo balinganiselva ku-6000 ithiyori nokuphrakthiza i-nixtamalising maize nokuwusebenzisela ukudliwa abantu.



## ISAMARI YEPHROJEKTHI NAMUHLA

Namuhla, ngephrojethi, konke loku okufanele kudilive sekufezele:

**I-Baseline study:** Ulwazi oluyi-Baseline ngezindlela zokuphrosesa, ulwazi Iwanamuhla kanye nesethi yekhono emiphakathini kwaqoqwa futhi kwahlaziya.

### Ucwaningo nentuthuko:

- Amaresiphi anamuhla e-nixtamalisation acutshungulwa futhi kwensiwa icwadi entsha yeresiphi.
- Kwaqhtshekwa kwensiwa okunye futhi kwensiwa neminye imikhiqizo eminingi.
- Kwensiwa amanye amathesti amanangi, afana nokuqukethwe umsoco, ukusebenza kwezindleko, ukunambitheka nesikhathi sokugcinwa kohide lwemikhiqizo eshalufini.
- Ezinye izindlela zokuphrosesa ukwenza ngcona umsoco oqukethwe nokusetshenziswa kwezilimo emphakathini kwensiwa.
- Kwensiwa izibonelo ezine ezineminingwane nezingasebenza zamabhizinisi asaqala.

**Ukwakhiwa komthamo:** Abahlomulayo baqequesha ngezindlela zokuphrosesa ezenziwa.

Izifundazwe okuqondwe ukuyokwethulwa kuzo amaseshini okuqequesha, yiMpumalanga, iLimpopo, eFreystata neNyakatho Ntshonalanga. ■



U-JENNY MATHEWS,  
UNGOTI WEZOKUPHATHA  
NENTUTHUKO NOKUFUNDISA

# UMLIMI WONYAKA

## Naba abakhethiwe oka-2023

**S**EYILESO SIKHATHI SONYAKA ESITHOKO-ZISAYO FUTHI NALAPHO SEKUQOKWE KHONA UMLIMI WONYAKA EMNCINTISWANENI WA-KWA-GRAIN SA KA-2023.

Laba abaqokelwe kulo mncintiswano bamele izinkulungwane zabalimi bokusahlamvu kule phrogramu abasebenza kanzima usuku nosuku ukuze bondle iminden yabo – abalimi abakha amabhizinisi kancane kanye nalabo abasebenzela ukwakha amabhizinisi aqinile okulima angenisa inzuzo.

Bonke abaqokiwe bakhombise ukukhula emisebenzini yabo yokulima ngama-*input* ePhrogramu eThuthukisa abaLimi. Ukusebenza kwabo kanzima kuzonconywa emcimbini ngomhlaka-20 Septhemba ngoSuku loMbungazo. Lo mcimbi ugqamile ekhalendeni ye-Grain SA futhi ugcizelela ukukhunjulwa kobuhle bokukhiqizwa

kokusahlamvu, ukukhombisa amandla ukusebenza ngokungakhathali kanye nokuzinikela kwabalimi bethu abaqavile.

Kubalulekile ukuba ukhumbule ukuthi inhloso nqangi yalo mncintiswano akukhona ukuwina: kumayelana nokubungaza ukufunda, ukukhula, ukuthuthuka kanye nokusebenza kanzima kwezinkulungwane zabalimi bePhrogramu eThuthukisa abaLimi kwa-Grain SA. Wenzelwa ukuthi kube ngumsuka wokugqquzelu nogqozi kubo bonke ukuze baqhubeke nokusebenzela ukuba basenze ngcono ukuze sifinyelele lapho siphokophelele khona – kungakhathalekile ukuthi bakhulu kangakanani.

Uma ukhethiwe kulo mncintiswano, wenza into efanele futhi uba yisibonelo nakwabanye sokuthi yini engayithola. Njengoba sekushivo njalo, naba ke abakhethiwe koka-2023. ■

**ITHIMBA LABAHLELI BEPULA IMVULA**

### I-NEW ERA COMMERCIAL FARMER OF THE YEAR



**Traste ya Dwaalkraal**  
Isifunda: Sannieshof  
Ipulazi: Dwaalkraal



**Botlhale Tshabalala**  
Isifunda: Lichtenburg  
Ipulazi: Driehoek



**Lethiwe Derrile Mthethwa**  
Isifunda: Dannhauser  
Ipulazi: Milnedale



**Luvuyo Mbutho**  
Isifunda: Kokstad  
Ipulazi: Altona, Swartberg



**Paul Motlokoa**  
Isifunda: Sasolburg  
Ipulazi: Sachen Weimar



**Petrus Tsoetsi**  
Isifunda: Kestell  
Ipulazi: De Bult, Kestell



**William Raphoto**  
Isifunda: Lichtenburg  
Ipulazi: Lareystryd

## I-POTENTIAL COMMERCIAL FARMER OF THE YEAR



**Kopano Lentswetshipi**  
Isifunda: Lichtenburg  
Ipulazi: Weltevreden



**Philane Khoza**  
Isifunda: Bergville  
Ipulazi: Dukuza



**Simon Shabangu**  
Isifunda: Carolina  
Ipulazi: Welgevonden



**Zoliwe Nombewu**  
Isifunda: Tsolo  
Ipulazi: Gotyibeni

## I-SMALLHOLDER FARMER OF THE YEAR



**Amos Mahlangu**  
Isifunda: Carolina  
Ipulazi: Brakspruit



**Nkosinathi Hadebe**  
Isifunda: Newcastle  
Ipulazi: Eastborn, Osizweni



**Siphesihle and Siphiwe Mahlinza**  
Isifunda: Utrecht  
Ipulazi: Goedehoop

## I-SUBSISTENCE FARMER OF THE YEAR



**Beauty Gumbi**  
Isifunda: Paulpietersburg  
Ipulazi: Uphuzane



**Busisiwe Msibi**  
Isifunda: Volksrust  
Ipulazi: Ukuthanda ugukhanye CPA



**Mzolisi Lennox Silimela**  
Isifunda: Mthatha  
Ipulazi: Baziya A/A Makaula



**Ndinda Mkhonza**  
Isifunda: Hereford  
Ipulazi: E166A, Hereford East



**Tebego Jele**  
Isifunda: Dannhauser  
Ipulazi: 0937 Annerdale




**Thabiso Mthwayi**  
Isifunda: Maclear  
Ipulazi: Hlankoma AA, Mdeni, Qolweni



**Thulisile Mazibuko**  
Isifunda: Bergville  
Ipulazi: Dukuza Mantesheni

# Vikela ifa lomndeni wakho



KUYISIBUSISO UMA UBABA ENGALIMA NAMA-DODANA AKHE NOMA ABAKHWENYANA BAKWAKHE NOMA NABAZUKULU BAKHE EMVA KWESIKHATHI. KODWA KUYOKWENZEKANI UMA EDLULA EMHLABENI NOMA ENGASAKU-LUNGELE UKUQHUBEKA NOKWENGAMELA IMISEBE-NZI YOKULIMA?

Nakuba ibhizinisi lokulima linoxhaso olukhulu emnothweni waseNingizimu Afrika, kudabukisa ukuthi cishe u-85% wemindeni yebhizinisi lokulima ayikwazi ukuhubeka kuze kufinyelele esizuku-lwaneni sesithathu. Leli qiniso labikwa *yi-Farming Portal* ngomhla ka-5 Meyi 2022.

## UKUBALULEKA KOHLELO LOKULANDELANA

UYolandi Kruger, umqondisi nomeluleki kwezolimo e-Dunamus Agri, uthi i-avareji yempilo yebhizinisi lezolimo iminyaaka engama-24. Uma lolu hlobo lwebhizinisi iqhubekela esizukulwaneni sokuqala (ubaba) uye esizukulwaneni sesibili (izingane), ukuthi lingaphumelela zimi ku-30%. Uma lidlulisela lisuswa esizukulwaneni sesibili kuye esizuku-lwaneni sesithathu (abazukulu), amathuba okuphila ancipha ngo-10%.

Isizathu esikhulu sokuthi kungani kwenzeka lokhu, ukusilela kohlelo lokulandelanisa. Leli temu liqondiswa eqhingeni lebhizinisi elisetshe-nzisa ukudlulisela umsebenzi wobuholi ukuya phansi komunye umuntu ebhizinisini.

Emndenini olimayo, umsebenzi wobuholi kufanele wedlulisewa kweleyne ilungu lomndeni ngesikhathi ilungu lokuqala/umphatriyakhe ehla esikhundleni.

Ngokusho kwe-*Investopedia*, uhlelo lokulandelana luqinisekisa ukuthi ibhizinisi iyaqhubeka nokuhamba kahle nangaphandle koku-

phazamiseka ngemuva kokuba abantu ababalulekile baqhubekele emathubeni amasha, bathatha umhlaphansi noma bedlula emhlaben. Uhlelo lokulandelana yindlela enhle yezinkampanini zomndeni olimayo ukuqinisekisa ukuthi imisebenzi ilungiselwe ngokuphele ukuphromotha nokuthuthukisa yonke imindeni ebandakanyekayo – hhayi labo abasemazingeni okuphatha noma esigungu kuphela.

Kubalulekile ukuthi umholi wokuqala/umphatriyakhe kufanele aqale ukuhlela ukwehla kwakhe isikhathi sisekhona noma ukuthatha umhlaphansi ukuze kwensiwe amalungiselelo adingekayo enziwe ngokufanele. Umholi wokuqala/umphatriyakhe ubamba elikhulu iqha-za, njengoba enengxene enkulu ebhizinisini lokulima.



Umndeni owenza imisebenzi yokulima ngeke uvunyelwa ukuthi ufadale uma umphatriyakhe engasoya ningxene.



## IMINDENI YABALIMI YONDLA UMHLABA

Njengoba imindeni elimayo yondla umhlaba, kuyiqiniso elidabukisayo ukuthi uhlelo lokuloandelana alwenziwe ngokufanele emindenini eminingi yebhizinisi lokulima. Njengoba u-70% wemikhiqizo yokudla emhlabeni kukhiqizwa yimndeni yabalimi, imisebenzi wabo ibaluleke kakhulu ekunkandeni indlala *ne-malnutrition*.

Okunye futhi, ukulima komndeni kudala impilo enhle. Ilinganiselwa ku-40% imindeni emhlabeni encike ekulimeni komndeni ukute iphile.

Kulokhu okungenhla, kusobala ukuthi umndeni owenza imisebenzi yokulima ngeke uvunyelwa ukuthi ufadale uma umphatriyakhe engasoya ningxene. Ngakho ke, kunezinye izimo okufanele zilungiswe ngaphambi koku-ba kuthathe esinye isizukulwane. Le nqubo iqeda izingxabano eziningi ezingavimbeleka.

U-Dr Johan Beukes we-*Authentic Living Learning* uthi kufanele kuklanywe imingece efanele ukuze kuvikelwe ubudle-lwano bomndeni. Esimeni sokulima, kufanele umholi abe munye. Lo muntu kufanele abe nolwazi oludingekayo namakhono okuqhube ibhizinisi lokulima futhi kufanele alawule ukulima ukuze kuthi umndeni uzuze umhlomulo isikhathi eside.

## UKUXHUMANA KUWUKHIYE

U-Theo Vorster wase-Galileo Capital ugcizelela ukuthi izinkinga zomndeni womsebenzi wokulima iqala ngesikhathi kungekho ukuxhumana okuhle phakathi kwezingxene ezibandakanyekayo. Uthi izizukulwane ezahlukene – ubaba, izingane nabazukulu – kufanele baxhumane njalo ngezidingo zabo namaphupo ngebhizinisi lokulima.



Umkhulu nomzukulu wakhe babheka umhlaba epulazi ngesikhathi bexoxa ngamaphupo ngekusasa lebhizinisi lokulima lomndeni.



U-Kruger no-Beukes bayavumelana ngaloku futhi bangeze ukuthi ukungaxhumani ngenye yezingqinamba ezinkulu, njengesinye yejisusa ezinkulu zengxabano emsebenzini womndeni wokulima.

Ukuxhumana kuchaza ukuthi kube khona ukuxoxisana njalo ngesimo sezimali zebhizinisi. Wonke umuntu oyingxenye yebhizinisi lokulima kufanele ubuqaphele ubungozi bebhizinisi. Izindaba ezibandakanya ibhizinisi lokulima, ezifana nohlelo lokulandelana, nakho kufanele kuxoxwe. Kule mihangano, amaminithi angempela kufanele athathwe ukuze assetshenziswe njengereferensi yesikhathi esizayo.

### ISIMO SOMNDENI

Imindenি emingi elimayo iyahlangana futhi isebeñzise isimo somndeni ukubasiza ekwenzeni i-uhlelo lokulandelana ngempumelelo. Lolu hlaka lo mndeni luyisisekelo esibalulekile lanoma yiliphi ibhizinisi eliphilayo lokulima. Kubalulekile ukugalanta ukuthi umsebenzi wokulima uzo-qhubeka ngokudluliselwa ezizukulwaneni.

Isimo somndeni kufanele sibe yincwadi 'ephilayo' ebuyekezwa njalo. Uma amalungu omndeni engavumelani ngefomethi yesimo somndeni, kufanele kucelwe amaphrefeshinali ukuba asize.

Isimo somndeni kufanele siqukathe lama-elementi alandelayo:

- **Uhlelo lokulandelana:** Ukusondela kwasizukulwane esidala ekutheni sidlulisele, yilesi sikhathi esibalulekile kakhulu sohlelo lokulandelana esimeni somndeni. Ngokuvamile kuba yinqubo ebuhlangu. Uhlelo lokulandelana ngokwesimo somndeni kungafaka phakathi ama-elementi ezezimali zomuntu kanye nama-elementi ebhizinisi. Ngendlela olushaya ngayo emhlolweni, aba makhlulu amathuba empumelelo.
- **Ukulawulwa kokulandelana:** Lonke ibhizinisi lomndeni lisingethwe yifilosofi yokuphatha ehlukile. Kubalulekile ukuthi lefilosofi ichazwe kahle enimeni somndeni. Zingathathwa kanjani izinqumo usuku nosuku? Ngabe ubani othatha lezi zinqumo? Ubani ozongena zicathu-lweni zakhe? Yonke le mibuzo kufanele ichazwe emndenini.
- **Ukulandelana kobunikazi nokudluliselwe kwama-asethi:** Umndeni olimayo unama-asethi abalulekile, angahlukanisa imikhakha emithathu – umhlaba, ama-implimenti nemfuyo, kanye namabhzinisi okulima. Ukdululiswa kwala ma-asethi kusuka esizukulwaneni kuya kwesinye kufanele kuqondisiswe futhi kuhlelw. Phendula emibuzo efana nalena elandelayo: Ngabe umndeni unawo yini amalungelo kuma-asethi athile? Ngabe ayohlukanisa kanjani la ma-asethi?
- **Uhlelo Iwefi necwadi yefa:** Uhlelo Iwefi luhlinzeka intelo, izikweletu nezinye izindleko uma umholi/umninimuzi eshona. Kubalulekile ukubala izikweletu zomndeni zokulima ngesikhathi eshona ukuqinisekisa ukuthi ngeke kube khona ukushoda kukakheshe ozophazamisa ukulima.
- **Imisebenzi yomndeni:** Hlela kahle ukuthi ubani othathwa njengomndeni, isibonelo, ngabe abasekhweni bangathathwa njengonden? Okunye, yenza uhlelo mayelana nokuqoka umndeni kanye nemithetho yokuqondisa izigwegwe.
- **Ukuba nesheya:** Ubani okufanele abe namasheya naloyo okufanele adayiselwe lona?
- **Isigungu sokweluleka:** Ngubani ongasebenza ebhodini labaqondisi? Ngabe ivoti kufanele lipathwe kanjani? Ngabe izinqumo zingathathwa kanjani?

Khumbula: 'Ipulazi lingaphezulu komhlaba nezilimo – yifa lomndeni nesikhathi esizayo.'

(bluehost.com). ■

U-KARINA MULLER, UMBHALI  
WEPUA IMVULA



# PULA IMVULA

## Ithimba labahleli

### GRAIN SA: PRETORIA

PO Box 74087

Lynnwood Ridge

0040

■ 086 004 7246

■ www.grainsa.co.za

### UMHLELI OPHETHE

■ Dr Sandile Ngcamphalala

■ 082 862 1991 ■ Ihhovisi: 012 943 8296

■ sandile@grainsa.co.za

### UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel

■ 084 264 1422 ■ Ihhovisi: 012 943 8285

■ liana@grainsa.co.za

### UPHATHINA WOKUSHICILEA

#### INFOWORKS MEDIA PUBLISHING

Isekela mhleli – U Louise Kunz

■ louise@infoworks.biz

Umholi wethimba – U Johan Smit

■ 082 553 7806 ■ Ihhovisi: 018 468 2716

■ johan@infoworks.biz

Ukushicilela – U Elizma Myburgh, Jesseme Ross



## Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

### ABAQONDISI BENTUTHUKO

Jacques Roux

Empumalanga neFreystata (e-Bethlehem)

■ 082 377 9529 ■ Jacques.rouxjr11@gmail.com

Johan Kriel

ENtshonalanga neFreystata (e-Bloemfontein)

■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Mbombela)

■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)

■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8218

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)

■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

Phumzile Ngcobo (Umsizi ehhovi: Dundee)

■ 060 477 7940 ■ phumzile@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)

■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)

■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane

Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad & Mthatha)

■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko

UCwayita Mpotyi (Umsizi ehhovi: Mthatha)

■ 078 187 2752 ■ umthata@grainsa.co.za

■ Office: 012 943 8277

## IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu, IsiNgi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

THIS PUBLICATION IS MADE POSSIBLE  
BY THE CONTRIBUTION OF THE MAIZE TRUST

MADE POSSIBLE BY  
THE MAIZE TRUST

# Iphrogrammu eguqula izimpilo



## Abalimi bahlangana ndawonye banithiwekhe futhi bafunde

**I-GRAIN SA** yenza umcimbi we-farmers' day ngomhla ka 2 kuJuni eLegolaneng e-Limpopo wamalungu ama-study group esifundeni. Inhloso yale sizathu salo mcimbi kwabe kuwukupoqa noma ukuqinisa ubudlelwano phakathi kwababambe iqhaza phecelezi *stakeholders* kwa-agribusiness nasemkhakheni wezinsiza. I-phrogremu ifakaphakathi izinkulomo ngokuqhube uhlelo lokulima, ukufakwa kumanyolo kanye nohlolo lwezifo.

U-Jerry Mthombothi, oyimenenja ehhovisi lokuthuthukisa abalimi eMbombela, wagcizelela ngokubaluleka kwezindlela ezibalulekile zokulima, kanti uThobeka Manyathi wase-Kynoch waxoxa ngokubaluleka kokusebenzisa ubuchule bokuthatha amasampula aqonde ngqo ukuze kufakwe umanyolo i-NPK ofanele ngaphambi nangesikhathi sokutshala.

U-Lawrence Mataha wakwa-*Forestry and Agricultural Biotechnology Institute (FABI)*, ngokubambisana ne-*Department of Science ne-Innovation (DSI)* neGrain SA, baxoxa ngamandla abo okuhlangana bagxile esinyathelweni sokubheka izifo. Inhloso yalephprojekthi ukubona nokuthola ukuqonda okujulile ngokuhlasela kwezifo ezigqamile eNingizimu Afrika. Ngalokhu kubambisana, bahlanganisa izisiza zabo, ubuchwepheshe nolwazi lokwenza imisebenzi emikhulu ebhekiwe.

Ngokuka-Nolo Bakwa, oyi-intern yezokuxhumana kwa-Grain SA, owayethamele lo mcimbi, lolo suku kwaba yithuba labalimi lokunethiwekha, bafunde kochwepheshe nokuhlala unolwazi ngezinto zakamuva kwezolimo. 'Futhi kwenza umqondo womphakathi phakathi kwamalungu e-study group. Umcimbi vokuguba i-farmers' day waphetha ngegya eliphezelu, ufacela wonke umuntu ugqozi lokuqhubeaka nokuphromotha ukukhula kwabali abasafufusa.'



*Ngemalungu e-Legolaneng Study Group no Jerry Mthombothi (Phakathi nendawo).*



*La malungu e-study group athokozile alujabulela kakhulu usuku lwabalimi 'farmers' day.*

## Ema-study group abika ISIVUNO LESIHLE

**INYANGA** kaJuni ihlezi eyisikhathi esimatasa kubalimi abalima izilimo zasehlobo – iningi labo lisematasa nokuvuma nokumaketha izilimo zabo.

Ngesikhathi esisukela ku-1 kuya ku-21 Juni, ithimba la-kwa- Grain SA laxhumana nama-study group ayishumi namibili. Nawu umbiko ovela kosihlalo abehlukene:

- **I-Nijini Study Group**, yabika isivuno esihle sommbila owasewuthuthiwe emasimini abo.
- Amalungu **eBarberton Study Group** axoxa ngokubaluleka kwenhlabathi – impilo yenhlabathi, ukujula kwenhlabathi kanye nokujula okufanele kokutshala isilimo.
- **Amandangane Study Group** ivune isivuno esingcono kakhu-lu. Njengoba amasimu abo engabiyelwe, ummbila kwading-eka ususwe ngaphambi kokuba wome – ngakho ke balindele ukuba wome ngaphambi kokuba bawubhule.
- **ISalubindza Study Group** ixoxe ngenhlabathi, izinhlobo zenhlabathi, izinsiza zikamanyolo kanye namandla okukhi-qiza. Abalimi bakhuthazwa ukuba baqale ukulungiselela isizini elandelayo.
- **Abalimi baseBizana Study Group** baphoqeka ukuba bavune ngasekuqaleni kukaMeyi ngenxa yokuhlasela kwe-mfuyo emasimini ommbila futhi zadala umonakalo amasimini abo. Isivuno asibanga sihle neze – ngenxa yokutshala emva kwesikhathi okwadalwa ukuna kwezimvula ezinkulu.



*Usihlalo we-Nijini Study Group, uMnu. Zembe nezinye zezilimo ezivuniwe.*



*I-Sheepmoor Study Group, yachazelwa nge-pH yenhlabathi, nabali-mi baxoxelwa ngokubaluleka kokufaka umcako nokuthi kungani kufanele kuthathwe amasampuli enhlabathi.*